# NGINGUKUVUKA NOKUPHILA

*. . .angithandi ukuba ningabi . . .nakwazi, bazalwane,* nga*balalayo, ukuze* ni*ngadabuki, njengabanye abangenalo ithemba.*

*Ngokuba uma sikholwa ukuthi uJesu wafa wavuka, ngokunjalo-ke . . .uNkulunkulu uyakubaletha na*baleleyo *kuJesu kanye naye.*

*Ngokuba lokhu sikusho kini ngezwi leNkosi, ukuthi thina esisekhona sisasele kuze kube-sekufikeni kweNkosi asiyikubandulela nempela* abaleleyo.

*Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, . . .phimbo lengelosi enkulu, ne . . .cilongo likaNkulunkulu: nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala:*

*Khona thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye . . .emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni: . . . kanjalo-ke siyakubanayo iNkosi njalo.*

*Ngakho-ke duduzanani ngalawamazwi.*

2 Bengifunda kwabaseThesalonika bokuQala, isahluko 4. Ngizofunda manje eNcwadini kaJobe. Isine- . . .Isahluko 14 sikaJobe.

*Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe iyingcosana, igcwele usizi.*

*Uyavela njengembali,* a*nqunywe:* futhi *ubaleka njengethunzi, angemi.*

*. . .konje uvulela onjalo amehlo akho, ungingenise ekwahlulelweni nawe na?*

*Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kukho okungcolileyo na? kakho noyedwa.*

*Uma imihla yakhe inqunyiwe, umumo wezinsuku zakhe ukuwe,* u*bekile umkhawuko wakhe aze angadluli;*

*Ungambheki, aphumule, ukuze aqede,* ngezinsuku *lwakhe, njengomqashwa.*

*Ngokuba kukhona ithemba emthini, uma unqunywa, . . .ungabuye uhlume, na*mahlumela *lingephele.*

*Noma impande yawo iguga emhlabathini, nesiphunzi sawo s*ifela *othulini;*

*Ngephunga lamanzi uyakuhluma, uveze izingatsha njengesithombo.*

*Kodwa umuntu uyafa,...aphele: yebo, umuntu uyagqabuka, uphi na?*

*Njengamanzi anyamalele* ezilwandle, nemifula oshayo ome*:*

*Kanjalo umuntu ulala phansi, angabe* esavuka*: aze...angabikho amazulu,* khona a*kayikuvuka, bangaphaphanyiswa ebuthongweni* bakhe.

*O sengathi* unga*ngifihla endaweni yabafileyo,* u*ngi*nqumele isikhathi endaweni *ungisithe,* kuze *kudlule intukuthelo yakho,...*u*nginqumele i... isikhathi, ungikhumbule!*

*Uma umuntu* efa, *uyakubuye aphile na? bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze* kufike *ukumuka kwami.*

*U*ya*kubiza,...mina ngiphendule: uzo*n*xanela u*kwenza *umsebenzi we*sandla sa*kho*.

*...manje uyakubala ukunyathela kwami: u*nga*qapheli* izono *sami?*

Ukona *kwami kuvalelwe esikhwameni,... uyazithungela izono* zami.

*...impela* izintaba iyawa futhi i*dilike,...a*madwala liyasuswa *endaweni* yawo.

*Amanzi ayagumba* asuse *i*tshe: *u*khukhula *izinto ezihlumayo othulini lomhlaba; kanjalo uyachitha ithemba lomuntu.*

*Uyamahlula njalo, uya*phela: *uyaguqula* ubuso *bakhe, u*mukise.

*Amadodana akhe ayamdumisa, futhi...engazi yena;...ayeyiswa, kodwa...*akaboni *lutho...*

*Kodwa inyama yakhe ekuye iyozwa ubuhlungu,* kodwa *umphefumulo wakhe uyakukhala.*

3 ...-cluding isahluko 14 seNcwadi kaJobe.

4 Lapha sine, kulentambama, nento engemukeleki noma yikuphi noma ngasiphi isikhathi. Akunandaba ukuthi siyilungiselele kangakanani, ihlala njalo iyisimenywa esingemukeleki esiqinisekile ukufika kulolonke ikhaya. Futhi inonya. Ngineqiniso ukuba ngangikade ngiwukufa, angicabangi ukuthi ngangiyofuna ukufika ekhaya lokhu ukufa okufike kulo, lomKristu osemncane, esinomzimba wakhe ulele lapha phambi kwethu, njengoba simazi, njengoMfowethu Garnett wethu.

5 Futhi silapha namhlanje, sibuthene, ukuba sizombona okokugcina kulona osemncane, umKristu oyiqhawe. Yizinto zokugcina esingamenzela zona phezu komhlaba, nakuba engasizwa. Kodwa sicabanga ngalabo onalokhu phambi kwabo, namanje. Kufanele kunakekelwe ngolunye usuku. Sizofanele

sidibane nakho. Sibasha noma sibadala, noma nini, kuzofika kithi sonke.

6 Akunandaba ukuthi bengingathini ngoGarnett, njengoba bengimazi, bekungewushintshe umbono wethu. Impilo yakhe nobufakazi bakhe kuyakhuluma, phakathi kwenu nonke, ngokuzwakala kakhulu kunanoma yini ebengingayisho. Ngi . . .

7 Ukwazana kwami naye siqu sami kwaba ngomama wakhe. Ngobunye ubusuku, sekuphele inkonzo, e . . . ibandla lami, ufika kimi. Futhi wayenendodana eyayibulawa wuvendle. Ngicabanga ukuthi base belahle amathemba ukuthi wayesangaphila isikhathi eside. Awu, eziningi zalezozingcingo, sinazo. Zingezijwayelekile nje ezenzeka njalo. Kodwa ngenkathi ngiya kobona lomfo osemncane, kwakusemshinini i-iron lung. Kwakukhona into ethize ngaye, mhla ngiqala ukumbona, ngamthanda. Ngiyamthanda kuze kube namhlanje, njengoba ngimbuka manje, ngiyohlala njalo ngimthanda. Wayengumfo osemncane oyiqhawe. Futhi wayebukeka sengathi wayenento ethize empilweni e—eyayisho lukhulu kunomfana ojwayelekile nje, wenjejane yedlula nje. Wayenokuqonda kwezinto okucace kakhulu. Ngamkhulekela, ukuthi angafi.

8 Ekugcineni, bamkhipha emshinini i-iron lung, futhi walethwa ekhaya, wafakwa ohlobweni oluthize lombhede oyendezelayo, lapho abamgcina khona ephefumula.

9 Ngifika ukuzobona uGarnett. Futhi umKristu onomoya omnandi kanje pho impilo eyase ikhule kuye, umfana noma yimuphi u—umzali ayengaziqhenya ngaye. Empeleni, lolo ngolwethu—lolo wuhambo lwethu lapha emhlabeni, lungolwalokho-ke, ngukulungiselela u—ukumuka. NoGarnett wayekwenze ngempela lokhu ukulungiselela, ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, insizwa eyiqhawe igcwele uMoya nokuPhila kukaKristu. Kwaboniswa ngaye ngqo.

10 Futhi ngakhe eTucson, eArizona. Ngesinye isikhathi esedlule, umfana wagula, futhi wayegula kakhulu. Nokuzwakalisa ukukholwa kwakhe, ukushaya ucingo ibanga elide. Futhi ngenkathi ekugcineni sengifike ekhaya lami futhi ngakhulekela umfana omncane, efonini, ngani, umusa kaNkulunkulu wafika kuye, futhi wa—wakunqoba. Izikhathi ngezikhathi, uma sasiba nokuthize okungalungile, wa—wayeshaya ucingo. Sasikhuleka ndawonye, ngokuxhumana ngetelefoni. Futhi angicabangi ukuthi uBaba wethu waseZulwini wake wamenqaba, noma ngasiphi isikhathi, kodwa wakunqoba ayekade enakho.

11 Ngekwindla edlule, ngangisezansi lapha ngivakashela abangani. Ngoluny'usuku, ngigcina ukubona uGarnett kulempilo, sangena singalindelwe e . . . ikhaya lakhe elincane elithandekayo. Wayehlala nabantu bakubo. Futhi satholani, kodwa kwakungaba yi—yisibonelo sangempela sanoma yimuphi

umfundisi ongumKristu u—ukubona lokhu. Wayehlezi ngezinqe, futhi ephumile embhedeni oyendezelayo, wayefake izingalo zakhe esilengisweni esincane. Futhi lapho siyongena endlini, njengoba sasihlala njalo semukelekile kakhulu, nango uGarnett. Futhi phambi kwakhe kwakuyiBhayibheli. Nenenekazi elincane elalimnakekela lalihlezi ngale entweni encane egoqwayo, futhi babenokutadisha iBhayibheli. Ngase ngimbuka, nenhliziyo yami yavele yancibilika nje.

12 Ngase ngithi kuye, ngambuza umbuzo. Ngathi, "Garnett, mhlampe, ukuba-ke lokhu kwakungazange kwenzeke kuwe na?" Ngathi, "Ubuyo . . . ngabizwa, asithi, enhla lapha kulobubusuku, bekukade kukhona umfana osemncane ogama linguGarnett Peake's esanda kubulawa nje phandle lapha emgwaqeni omkhulu, nemoto yakhe. Nomfana ubedakiwe, nomphefumulo wakhe wase umuka ukuyohlangana noNkulunkulu. Noma, ubuyoqoka nje ukugcina inkundla ngendlela eyiyo na?"

13 Wathi, "Nje akube ngendlela okuyiyo. Inqobo nje uma ngazi uJesu ngendlela engiMazi ngayo manje," wathi, "kungaphezu kwempilo, ngisho nakuba bengiyodingeka ngihlale lapha yonk'impilo yami kulesisimo."

14 Kodwa wathi, "Ngifuna ukukukhombisa, Mfowethu Branham, ngingcono kakhulu." Wayekwazi ukunyakazisa izingalo zakhe, kanjalonjalo. Enamathemba amakhulu, wayebheke phambili esikhathini lapho ayezosinda khona, ukuze akwazi ukuhambahamba. Sengiyindoda endala, ngibone okuningi ezinsukwini zami. Angikholwa ukuthi sengake ngahlangana nomfana onomoya wobuqhawe kakhulu kunoGarnett. Amathemba amakhulu ngaye.

15 Ebusukwini obumbalwa obedlule, ngitshelwa ukuthi waphathwa . . . uphathwe yinto enjengomkhuhlane wasemathunjini. Nokuthi ngenkathi eseqonda ukuthi wayesemuka, awu, wathumela kimi. Futhi wayengazi, ngalesosikhathi, ngangiseNew York, enkundleni iarena. Futhi ngenkathi ngiphuma enkundleni iarena, itelegramu, noma umlayezo wanikwa mina. Ngaphuthuma ngokushesha efonini ngase ngishaya. Kodwa umfowethu othandekayo omnakekelayo, wathi, "Mfowethu Branham, uGarnett useye kohlangana noJesu, ngelesithupha nqo."

16 Usemukile kithi. Si—siyakuqonda lokho. Kodwa ngiyamangala ukuthi ngempela ikhona into enjenga—enjengalokhu kungukuphela kwakho na? Sonke sinokuzwa ukuthi umfana umukile kithi, impilo yakhe, kodwa ake sicabange ukuthi yini elandelayo. Ikhona yini into ebesingayisho, besingake size simbone futhi na? Ngabe lokhu ngokokugcina ukuba sibone ngoGarnett na? Yilokho engifuna ukukhuluma kini ngakho, imizuzu embalwa elandelayo. Ningaqiniseka ukuthi sizobuye simbone futhi na? UJobe wabuza

lombuzo, iNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini. Wathi, "Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na?" Ngabe bukhona ubufakazi khona-ke ukuthi lokhu kunjalo na? Besingaba nabo ubufakazi bemvelo ukuthi lokhu ukuvuka kunjalo na? Yebo. Ngingacabanga kanjalo.

17 Uma siqaphela, lokho, sikhonza uMdali. Siyaqonda ukuthi sasingeke sibe lapha ngaphandle uma kwakukhona into ethize eyasenzayo. Singeke nje saba njengoba sinjalo, ngaphandle nje—nje kokuba kwenzeke kube njalo; akungaphezulu kwanoma iwashi lami libe njengoba linjalo, nabo bonke ubucwebe nokulifaka isikhathi. Kwaba khona . . . Kunongqondongqondo othize emva kwalo, owenza lelowashi, futhi nje cabangani ngokuthi sidalwa sini esingumuntu leso esenza iwashi. Bekungenakwenzeka kanjani nje ukuba iwashi ukuba lenzeke nje, futhi akunakwenzeka kakhulu kangakani ukuthi senzeka nje!

18 Ngokuba yisithunywa senkolo futhi ngihamba umhlaba jikelele, sengiyazana manje nawo, kasikhombisa ngijikeleza umhlaba, futhi ngicabanga ngokubona izinkolo ezehlukene zomhlaba, futhi ngayinye yokwazi kwabo ukudabuka kwezinto nokuthi bacabangani. Nabaningi babo bakholelwa ekutheni umuntu ufa abuye aphile kweny'into, kanjalonjalo. Kodwa inkolo yamaKristu yiyona-nkolo kuphela eneqiniso, ngoba konke okudaliweyo kukhuluma ngobuKristu.

19 UJobe wathi, "Uma umuthi ufa, kunamathemba ukuthi u—uyophila futhi. Futhi uma imbali ifa, kunamathemba ukuthi iyophila futhi." Kodwa wathi, "Umuntu ulala phansi, futhi agqabuke, futhi uphi na?" UJobe wayeyindoda, i—indoda enodumo. Wayeyi—yisazi esikhulu sokudabuka kwezinto sangosuku lwakhe, nekholwa, futhi wayenokuhlakanipha okuningi. NoSathane wayefise uku—ukumhlunga nokumvivinya.

20 Futhi onke amaKristu, amakholwa, ayavivinywa. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu imele ivivinywe, ilaywe."

21 Ngakho, uJobe, azi ukuthi uMdali wenza konke okudaliweyo kwaKhe, waqaphela ukuthi kokudaliweyo, ukuthi, kwakukhona ukuvuka kwempilo yokumilayo, kanjalonjalo. Kodwa wathi, "Umuntu ulala phansi, agqabuke, aphele, futhi uphi na? Kwenzekani kuye na?"

22 Futhi ngenkathi ebona, ngombono, ukufika KoLungileyo. Wa—wazi ukuthi wayeyisoni. Futhi i—isizathu sokuba umuntu kwadingeka alale phansi, futhi angavuki, yayingekho into eyayingamkhulumela.

23 Wayazi ukuthi imbali yayingenzanga lutho. Yalethwa lapha ngenhloso, futhi yayifeza inhloso kaNkulunkulu. Futhi, ngakhoke, ngenkathi imbali ifa, yayikwazi ukubuye ivuke.

24 Kodwa umuntu wayonile, futhi yayingekho indlela kuye ukuba aze avuke eBukhoneni boMenzi wakhe. Futhi ngakho, kulesisimo, wavunyelwa nguNkulunkulu ukubona OLungileyo eza. UMuntu Owayengabeka izandla zaKhe phezu komuntu onesono noNkulunkulu ongcwele, bese exhumanisa indlela, iNdodana kaNkulunkulu. Kwase kuthi-ke ngenkathi uMoya uphezu komprofethi, wamemeza, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu komhlaba, futhi nalapho izibungu zesikhumba sami sezibhubhise umzimba wami, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu uqobo lwami. Amehlo ami ayakumbona, kungabi ngomunye."

25 Bonke ubuKristu busekeleke phezu kokuvuka. Lokho ngamathemba ethu. Manje ake sithole ukuthi kungani. UMdali ukubeke kahle ngokuhlelekile, uma ngisho sasingenalo neBhayibheli, sasisayolokhu sazi ukuthi ubuKristu babuqinisile.

26 Manje, ukuvuka akusikho okufakwe esikhundleni sokunye. Ukuvuka ngukuvusa into efanayo eyashona phansi. Uma bengingawisa iBhayibheli e—estendeni, kwiphansi lendlu, bese ngibamba elinye, elinye iBhayibheli, bese ngikubeka esikhundleni salo, lokho ngukufaka okunye esikhundleni sokunye. Kodwa, ukuvuka, ngukucosha iBhayibheli elifanayo eliye phansi. Futhi kuchaza lokho-ke *ukuvuka*, "uku—ukuvuswa."

27 Futhi, uNkulunkulu, uMdali omkhulu Ozizwakalise Yena uqobo ngakho konke okudaliweyo kwaKhe. Futhi siyingxenye yokudaliweyo kwaKhe, njengoba nje zinjalo lezozimbali, njengoba nje injalo imithi, yonke enye imvelo. Siyingxenye yokudaliweyo kwaKhe.

28 Manje, uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Akanayo yonke into ifana nje. Akanazo nje zonke izintaba. Unezingwadule, amathafa, izinkundla ezinotshani. Futhi Unezimbali eziphuzi, ezimhlophe, ezil'hlaza sibhakabhaka, eziphinki, imibala ehlukene. Unamadoda abanzi, amadoda amancane; nanekhanda elimnyama, ikhanda elinsundu, ikhanda elibomvu. UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo, ngokuba yonke into izofanele ifeze inhloso yaKhe. Unayo yonke into ukuba ifeze inhloso yaKhe. Futhi unayoyonke into efeza inhloso yaKhe, ngokuyikho, kunokuvuka kuyo.

29 Manje, lokho kungal'ukhuni ukukucabanga noma ukukuqondisisa, kanye, kodwa ake sicabange ngakho, lokhu sinalokhu lapha phambi kwethu, kulentambama.

30 Manje, nazi izimbali. Zizwakalisa lokho ezikuzela lapha emhlabeni, ukusiza kwename i—ikamelo elikhathele, kulentambama, lapho lomfowethu osemncane othandekayo elele khona, elele ubuthongo. Nalezozimbali, siyaqaphela.

31 Njengani besifazane lapha eKentucky. Ngi—ngingowalapha, qobo lwami. Futhi—futhi ngiyaqaphela nitshala izimbali zenu zizungeze indlu yenu, futhi—futhi isikhathi sasehlobo ziqhakaza kahle kakhulu, futhi zigqamise ikhaya lenu. Bese kuthi-ke, mhlawumbe, esikhathini sasenkwindla, khona manjalo, isithwathwa siyazishaya. Lokho ngukufa. Manje, noma ngabe sezivele ziyizigcebe zembali ziyawohloka, kumbe noma ngabe ziseyizimbali ezisencane, kumbe noma ngabe ziyini, uma kushaya isithwathwa, sizithatha zonke. Lokho ngukufa. Akubheki bala lamuntu, ikhono, ubudala bomuntu. Kuyashaya nje. Futhi lapho okushaya khona, kuyathatha. Manje-ke siyaqaphela izigcebe zembali ziwohloka embalini encane, manje-ke, bese kuthi embalini kuwohloka imbewu emnyama encane.

32 Futhi manje lokhu kungabonakala kungubungane. Kodwa yileyondlela othola ngayo uNkulunkulu, isezintweni ezilula, hhayi i—izinto ezixakile. UNkulunkulu ukwenze kwalula, uma nje besingakubona.

33 Manje, uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo lwaleyombali; kubonakala kuxakile. Kodwa imbewu encane ilele emhlabathini. Bese-ke kufika imvula yasenkwindla, njengezinyembezi ziqathaka zivela esibhakabhakeni, futhi athi mba phansi phezu kwalembewu encane, ize iyingcwabe.

34 Futhi nakho kufika ubusika obubandayo. Manje, izigcebe zembali azisekho. Isiqu asisekho. Isigaxa emhlabathini, izimpande yomile nkwe. O! Imbewu, uma ubusika sebuba yiqeqeba lamakhaza, benza imbewu ibe yiqeqeba lamakhaza. Buqhumisa imbewu ivuleke, amanzi esihlahla aphume. Manje sesiyahambisana, ngoFebruwari noma uMashi. Akukho gcebe lembali, akukho-siqu, akukhombewu, akukho-manzi esihlahla, akukholutho.

35 Ngabe lokho ngukuphela kwaleyombali na? Lutho nhlobo. Kunembewana encane yokuphila, ndawondawo, phakathi kwaleyombewu. Ukuthi, ungahle uthole uthuli ezandleni zakho, bese ulusa endlini yokusebenzela isayense, bese udedela u—u—usosayensi aluhlole, emuva naphambili, futhi akasoze ayithola leyombewana yokuphila. UNkulunkulu wayifihla. Kodwa kuthi nje i—izwe lingangqangqazela lizungeza umgudu welanga, lize li. . . lize lifike ngalapho ilanga liqala khona ukushaya umhlaba futhi. Ubungeke ukufihle lokho kuphila.

36 Uma ubeke isitubhe sikakhonkolo, phansi egcekeni lakho lonke, phezu kotshani, kuphi okwakho okulandelayo. . . okukhulu kakhulu. . . Ngehlobo elilandelayo, bukuphi utshani obuningi kakhulu na? Khona impela ngalapho ngasemaceleni ngqo esitubhe. Ngani na? Yilokho kuphila obekulele ngaphansi kwa—kwalowokhonkolo. Futhi uma sekufika intwasahlobo, nakuba idwala lilele phezu kwabo, lingeke libufihle. Lokho

kuphila kuyohamba kuphume ngendlela yakho ngqo. Yilokho okwenza utshani obuningi kangaka ngasemphethweni wesitubhe. Ungeke wakufihla ukuphila. Kuzomila ngoba uNkulunkulu ubeke ilanga, i s-u-n, phezu kwalokhu, impilo yokumilayo, futhi lilawula impilo yokumilayo.

37 Awu, uma Ebeka ilanga i s-u-n [ilanga—TN.] phezu kwempilo yokumilayo, khona-ke Ubeka iNdodana yaKhe iS-o-n [iNdodana—TN.] phezu kokuPhila okuPhakade. Ngakho, uma kukhona ukuvuka kwembali, ngoba ifeze inhloso kaNkulunkulu, Uyenze kakhulu kangakanani-ke indlela yomuntu! Ya. Kunendlela yomuntu. Ufanele avele, naye, uma sekufika isikhathi seS-o-n kaNkulunkulu. Hhayi . . . Ilanga i s-u-n, liletha impilo yokumilayo, ngoba lilawula lokho. Ungeke wayifihla. Ifanele imile. Futhi kuneS-o-n kaNkulunkulu elawula impilo yomuntu, ukuPhila okuPhakade. Futhi uma sifeza inhloso kaNkulunkulu, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, khona-ke uma isikhathi sesilolongekele iS-o-n kaNkulunkulu ukuba ifike, ubungeke wakufihla lokho kuPhila. Yonke imvelo ikhuluma ngaKho.

38 Silapha esikhathini sasenkwindla manje, lapha eKentucky, lapho imithi emihle lonyaka oveze amaqabunga ayo. Kwase kuthi-ke, ngaphambi kokuba ngisho sibe na—nayisiphi isithwathwa kumbe noma yini, niqaphelile yini emagcekeni enu nasemaceleni, ukuthi amaqabunga aqala kanjani ukuwohloka abuyele emuva le ekuqaleni kukaAgasti na? Ngani? Yini eyenza lawomaqabunga awohloke na? Yingoba u—ukuphila kuphumile e—eqabungeni. Futhi kuyephi na? Phansi empandeni yomuthi. Buhlakani buni obenze lokho kuphila kushiye iqabunga futhi kwehlele emhlabathini na? Ngoba uma kuhlale phezulu lapha, bekungawubulala umuthi. Kwehlele empandeni yomuthi, ukuyocasha, kuze kwedlule ubusika. Intwasahlobo elandelayo, ibuyisa ukuphila futhi, bese iveza elinye iqabunga.

39 Manje, kuzofanele kube noBuhlakani benza lokho. Umuthi awunabuhlakani; yimpilo yokumilayo nje. Kodwa uBuhlakani obuthize obukhulu buthi kulowomuthi lapho, ngaphambi kokuba noma yisiphi isithwathwa siwushaye, ekuphileni okuphakathi lapho, "Yehlela empandeni yomuthi, bese ucasha lapho." Bese kuthi-ke uma ilanga seliqala ukuhlehla, leloqabunga lazi kanjani ukuthi ilanga liyaqhela nobusika buyafika na? NguBuhlakani obulitshela lokho. NguNkulunkulu.

40 Isifanekiselo esinje pho! Sibonani lapho na? Okufanayo njengoba sibona embalini; ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Ngisho noNkulunkulu uyenza, ukhipha izimbali, ukuthi amaqabunga aphenduka abensundu, bese enza isixha sezimbali phezu kwesifuba somhlaba, ngokushesha nje uma lezozimbali zifa. Ezibomvu, neziluhlaza tshani, nemibala, njengoba sinjalo nje lesi lapha, kulentambama.

41 UNkulunkulu akaxakile. Abantu ngesinye isikhathi bafuna ukuMenza engoxakile. Kodwa Yena, uNkulunkulu, waziwa ebululeni. Simbuka siMeqe ngaphezulu, sizama ukuMthola. Ulula kabi, uzenza Yena uqobo ngaleyondlela. Yilokho okuMenza abeMkhulu kakhulu.

42 Manje qaphelani, kulokhu, lokhu ukuphila okwakusemthini. Okwafeza inhloso yakho, kwehlele ethuneni, ukuba kuhlale kuze kube intwasahlobo. Manje, uBuhlakani obuthize buzokubuyisela phezulu futhi, kubuye nama-apula, nanoma yini umuthi okuthelayo, amaqabunga awo kanjalo njalo. Kubuyela phezulu futhi.

43 Manje, uJobe wathi lapha, "O sengathi Ungangikhombela isikhathi, futhi ungifihle endaweni yabafileyo, kuze kudlule intukuthelo yaKho." Niyabona ukuthi umBhalo wathini na? Sifihlwa endaweni yabafileyo kuze kudlule intukuthelo, bese-ke ekhuphuka futhi.

44 "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngosuku lokugcina Uyoma phezu komhlaba; nalapho izibungu zesikhumba sezibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Ubonile ukuthi ukuvuka kuyolethwa nguMuntu, ngoluny'usuku; nombuzo wesono uyoxazululwa ngenkathi lowo Olungileyo, iNdodana kaNkulunkulu, isifikele ukuzofela izoni. Kwakungekhomuntu emhlabeni ngalesosikhathi, noma akukhomuntu selokhu, owayengake aze axhumanise indlela phakathi kukaNkulunkulu ongcwele nomuntu oyisoni. Kodwa uJobe, lapha, iminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kokuFika kwaKhe, wakubona ukufa kwaKhe, nokumbelwa, nokuvuka kwaKhe, nokulungisisa kwaKhe okufika ngokuvuka, nesiqinisekiso sangoqobo sokuvuka kwekholwa. Induduzo engaka pho ukwazi ukuthi lezozinto ziqinisile! Akusiyo indaba eyinganekwane.

45 Bukani phandle lapha. Bukani ilanga. Ilanga liphuma ekuseni, ukuzalwa kwengane. UNkulunkulu walenyusa. Lingelokuba lifeze inhloso kaNkulunkulu. Futhi ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni, liya esikoleni, yinjejane. Bese kuthi ngeleshumi nambili nqo, liba ngelikhule ngokugcwele. Emva kweleshumi nambili nqo, iminyaka engamashumi amahlanu isidlule, selifeze uhhafu, futhi liqala ukushona, liya ngokuba buthakathaka, selilidala. Liya ngokuqina kuze kube yilesisikhathi, bese liqala ukuya ngokuba buthakathaka.

46 Njengoba senza nje. Siqala ukuphuma, siqinile. Bese sithola. . . Lapho sesifika ekukhuleni kwethu ngokugcwele, siqina kakhulu. Bese-ke uma sekuyiminyaka ethize, singokwedlula konke. Bese siqala ukuba buthakathaka, ngasosonke isikhathi, siyaphansi.

47 Ekugcineni, emva kwesikhashana, lihlala phezu komkhathizwe wasentshonalanga, ukukhanya okuhle. Lifeze inhloso kaNkulunkulu. Liyafa. Umhlaba ugodole, uphole, ubande, ebusuku. Manje ngabe lokho ngukuphela kwalelolanga na? Ngabe leso yisikhathi sokugcina oyoke ulibone ngaso na? Qhabo. Ngokusa okulandelayo, liyaphuma futhi, ekuvukeni. UNkulunkulu, nsukuzonke, efakaza kulo, wathi, "Kunokuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka."

48 Yonke into oyibukayo ikhuluma indlela efanayo, "ukuphila, ukufa, ukumbelwa, nokuvuka," lokho ngukuthi, uma ifeza inhloso yaKhe.

49 Manje bekungaba khona isikhathi ukuthi lembali ibe yimbali futhi ingaphinde iphile. Yilelo phuzu engilifisayo, futhi ukuba uGarnett ubengakhuluma kimi, kulentambama, lapha bekungaba yilokho abengafuna ngikusho, ngoba useBukhoneni bukaNkulunkulu. Uma leyombewu . . .

50 Abaningi benu madoda lapha kulentambama bangabalimi, noma abakhe ngapha lapho enibona khona a—amaplazi futhi nibone imvelo. Uma imbewu itshaliwe, akunandaba ukuthi leyombewu ibukeka iyinhle kanjani, uma leyombewu ingaqhumi, ayiyikuphila. Iyongena emhlabathini, futhi izobola, futhi lokho ukuphela kwayo. Akukhondlela, nhlobo. Akukho lutho lapho lokuba lubuyele ekuphileni. Leyombewu izofanele ibesempoveni nomata kungenjalo ayiyikuvuka futhi.

51 Futhi nakho okwenza isiqiniseko sethu sokuvuka futhi. Njengoba uJesu asitshela, "Uma umuntu engazalwa ngokusha angewubone uMbuso kaNkulunkulu." Sibekwa lapha ukuba sizikhethele.

52 Futhi manje leyombali enhle . . . akunandaba ukuthi inhle kanjani, futhi inhle kanjani nokuthi iyindingilizi kanjani imbewu. Njengommbila obhasteliwe, besingawutshala ummbila obhasteliwe, awuzukwenza lutho. Uyimbewu enhle, engenakuphila. Ukuphila kwayo kuphendukezelwe.

53 Futhi noma yikuphi ukuphila okuphendukezelwe kuNkulunkulu kungephile futhi. Simelwe sizalwe ngokusha.

54 Kodwa njengoba kuqinisekile njengaleyombewu iqhuma, kungaleyonkathi-ke evuka ngayo futhi. Ayikho indlela yokuyivimba ingavuki futhi. Izofanele, ngoba iyaqhuma futhi ukuphila kwayo kwezimila kukuyo.

55 Manje, ikholwa linokuPhila kukaKristu phakathi kwalo, owavuka kuqala enzela ukulungisiswa kwethu, ukufakazisa ukuthi kunokuvuka kokuphila komuntu, umzimba womuntu, ukuthi siyaphila futhi ngoba siqhunyisiwe; ngamany'amazwi, sizalwa ngokusha, nguMoya oNgcwele.

56 Futhi yonke into ebesingayibona emvelweni . . . Ngimi lapha futhi nginezinto eziningi ezibhalwe esiqeshini sephepha

lapha, ebengingathanda ukukhuluma kini ngazo. Kodwa lokho bekufanele kwenele, ukunazisa ukuthi ningeke nabuka phandle ningakuboni ubufakazi obubonakalayo bokufa, ukumbelwa, nokuvuka. Noma yikuphi lapho eniya khona, noma yini eniyibukayo, akunakwenzeka ukwedlula: ukufa, ukumbelwa, ukuvuka.

57 Futhi manje-ke, futhi, sithola ukuthi ukuvuka kufika kuphela uma kufeza inhloso kaNkulunkulu. Uma kungayifezi inhloso kaNkulunkulu, akunandaba ukuthi kuhle kanjani, ukuthi kubukeka kukuhle kanjani—kanjani, nokuthi kungahle kubukeke kangcono kanjani kunenye iMbewu ethize eqhumayo, ayisoze yavuka. Iphila lokhu, nalokho kuyakuxazulula. Kodwa uma Iqhuma, Ifanele ivuke futhi.

58 Kunjalo-ke, bangani bami, thina lapha kulentambama, ukubona ukuthi ukufa kwenzeni kumfowethu. Kuzofanele kuqhunyiswe. Singahle sibe ngabebandla. Singahle sibe ngabantu abakahle. Singahle sibe yi—yisimilo esihle kwesakhelene nabo; ubaba okahle, umama, indodana, indodakazi. Kodwa ngaphandle siqhunyiswe ngoMoya kaNkulunkulu, asisoze savuka ekuvukeni. Kuphelile.

59 Kukhuluma kithi ngalezizinto. Imvelo iyamemeza, usuku nosuku. Nelanga liyaphuma lishone. Inyanga nezinkanyezi kuyaphuma, into efanayo. Yonke into emvelweni izungeza entweni eyodwa: ukufa, ukumbelwa, ukuvuka; ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Zonke izinsuku zokuphila kwethu, into ethize iyafakaza kithi: ukufa, ukumbelwa, ukuvuka.

60 Sihamba siweqe ngaphezulu, izikhathi eziningi. Asingakwenzi lokho. Akungakho ukuthi kungani kwabekwa lapha, nezwe libekwe ngokuhlelekile kanjalo. KungokokuPhila okuPhakade, esikwaziyo. Nokubona phezu kwezimbewu, ukuthi aziqhunyisiwe futhi zifeze inhloso kaNkulunkulu, ingeke yavuka. Kanjalo nathi asiyikuvuka, nakuba singaba ngabantu abalungileyo, nakuba singamalunga ebandla, nakuba singomakhelwane abangamaqhawe, abantu abakahle, abafundisiwe, abasmati. Isayensi iyasho ukuthi bekunjani. Isayensi ingekunikeze ukuphila.

61 Ukuphila ngokukaNkulunkulu, yedwa, futhi nguYe kuphela Ophethe ukuphila. Ngakho sifanele sifike kuleyondawo, ukuba siqhunyiswe yiZwi likaNkulunkulu, kungenjalo asisoze savuka futhi. Ukuphila kwethu—kwethu—kwethu kuphele nya uma—uma siqeda lokhu kuphila lapha, lokho kuyakwenza, ngakho konke, uma si—uma singaqhunyiswa yi—yiZwi likaNkulunkulu, noma ngukuPhila kukaNkulunkulu.

62 Manje, lolu oluncane, uhlaka olubandayo lulele lapha, akukho namunye wethu ongasho kodwa ukuthi uyingxenye yalomnotho omkhulu wokudaliweyo kukaNkulunkulu. Uyingxenye yokudaliweyo kukaNkulunkulu. Ungumuntu,

isidalwa esingumuntu uNkulunkulu asidala. Uyalala, ulele manje. Manje, into yakho ingukuthi, uma efeze inhloso kaNkulunkulu ekuphileni kwakhe, khona-ke kuzofanele kube nokuvuka kukaGarnett. Ayikho indlela yokukujikeleza. Lokho akusikho ukuphela kukaGarnett.

63 Awu, sonke sizofanele sithathe lomgwaqo empilweni. Singena sivela ebumnyameni futhi singena ngendlela efanayo. Futhi sonke, ngandlela thize noma enye, sizodlula ethunzini, isigodi samathunzi okufa. Kodwa into esibekelwa yona lapha, kune. . .

64 Njengezwe. UJesu wathi, "Ngeke nakhonza uNkulunkulu nomamona." U*Mamona* yi "zwe." Ungeke wamkhonza uNkulunkulu nezwe ngesikhathi esifanayo.

65 Sinokuzikhethela kwethu. Singaqhunyiswa nguNkulunkulu, ngoMoya waKhe oNgcwele, futhi sinokuPhila okuPhakade. Uma singenakho, uma sifa, yilokho-ke. Sesilungele ukwaHlulelwa-ke, ukuthi asikwenzanga ngani, bese-ke kuba isijeziso. Kulandela lokho, ngoKukwenqaba.

66 Kodwa, ngijabula kakhulu, ngokwazi kwami, phakathi kokufinyelela ekuqondeni kwami, ngeZwi likaNkulunkulu nangobufakazi bukaMoya oNgcwele, lomfana wahlangana nalesosimo. Wayezelwe nguMoya kaNkulunkulu, indoda eguqukile. UMoya kaNkulunkulu ubuphezu komfo omncane. UbengumKristu wokuqina. Wafeza inhloso kaNkulunkulu. Mhlawumbe ubengesikhathi esifishane.

67 Kodwa uNkulunkulu ngezinye izikhathi uqeqesha amadoda iminyaka, ukuthola izinsuku ezimbalwa zenkonzo kuye. UJohane umBhaphathizi wayeneminyaka engamashumi amathathu, ngesingaye, ehlane, kwenzelwa izinyanga eziyisithupha zenkonzo. UJesu Kristu wayeneminyaka engamashumi amathathu ubudala, enzelwa iminyaka emithathu yenkonzo, ukuba abethelwe. UNkulunkulu uqeqesha amadoda, awakhulise. Yinhloso yaKhe. Isikhathi sinendoda. IPhakade linoNkulunkulu.

68 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu waletha lomfanyana lapha emhlabeni ngenhloso.

69 Futhi uma niqaphelile, ngesikhathi ngqo sokugula kwakhe—kwakhe nezinto, lokhu kwamshaya ngenhloso. UNkulunkulu ubengamenza umfana aphile saka. Kodwa Wenzeni esikhundleni sokuthatha impilo yakhe na? Uvumele nje ukuba asukume lapho ebengezukufa khona.

70 Futhi kanjalo akabulawanga wuvendle. Akabulawanga wuvendle. Asikho esinye isifo esimbulele, esasikhulekela, yena nami, nawo onke amanye amaKristu lapha ngaseCampbellsville, amkhulekela. Asizange. Leso asizange sikwenze. Niyabo?

71 Bese kuyisikhathi sikaGarnett sokumuka. Ufanele. Ubeyifezile inhloso yakhe. Uza kuKristu, waqhunyiswa. Ukuba-ke ubefe ngaphambi kwalesisikhathi ke? Uvendle lumqhubele kuNkulunkulu. Wayezoba ngumdayisi endalini yokubhida kagwayi, ayenakho emqondweni wakhe. Leyo bekungesiyo inhloso yakhe, nhlobo. Sasikwazi lokho. Inhloso yakhe yayiwukuba abe ngumKristu.

72 Manje, umdayisi endalini yokubhida kagwayi, omunye uthe, mhlawumbe iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ukusuka namhlanje, ukuba izwe belingafanele lime kade kangako, "UGarnett, wayengumdayisi omkhulu endalini yokubhida." Mhlawumbe yilokho kuphela umfundisi abengakusho emngcwabeni wakhe, "Ubengumdayisi omkhulu endalini yokubhida."

73 Kodwa singathini namhlanje na? "UngumKristu." Njengomdayisi endalini yokubhida, engenambewana yokuPhila, inkumbulo nje yalesosizukulwane, uyobe esehambile, phakathi—phakathi kwamadoda ambalwa. Manje uphakathi kwabangasayikufa. Uzofanele aphume ekuvukeni. Akukhondlela ekuvimbayo kukho. Uzofanele eze, ngoba uyifezile inhloso yakhe. Waqhunyiswa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu, wokuPhila okuPhakade okulele phakathi kumfana. Ngangokuthi, ukuthi uma ethe, "Uma ngazile . . . "

74 Isikhathi sokugcina engakhuluma naye, wathi, "Uma bengazi ukuthi ngangine . . . ngiphile, ngiqine njengalaba abanye abafana, ngigijima ngehla ngenyuka nemigwaqo lapha ngemoto yami eshuniwe, ngigijima ngehla ngenyuka nemigwaqo, futhi ngiphuza, futhi ngingakwazi Lokhu engikwaziyo," wathi, "bengingekushintshanise lokhu nezimpilo eziyizinkulungwane eziyishumi kanjalo." Umfana osemncane oneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, insizwa ebukeka iyinhle kahle, mhlampe ibingaba isikhungo sanjalonjalo sikadeveli.

75 Kodwa uNkulunkulu wadingeka amphose kulesosigaba, ukuba akhiphe kuye, ukuba afeze inhloso. Bukani ukukhuthazela kwakhe, izimfakazo zakhe phakathi kwenu bomakhelwane. Bukani ukuthi ubeyini, ini, ukuthi impilo yakhe encane ikhulume kanjani kwabaningi benu, ukuthi ngoSuku lokwaHlulelwa, ngaphandle kwalokho, ukuphila kwakhe kuyofakaza kubuye ngqo kumelane nani. Ubeyisibonelo salokho uNkulunkulu abekufuna ngaye. Uyifezile inhloso kaNkulunkulu.

76 Manje, uma efeze inhloso kaNkulunkulu futhi ebeqhunyisiwe, njengoba yonke imvelo ifanele iqhunyiswe, ngesithembiso ukuthi uyovuka futhi, besingake sikungabaze kanjani ukuvuka, kokubona uGarnett futhi na? Ngani, bekungaba ngukuhlanya uqobo ukuba kuthiwe angevuke. Uma uGarnett engavuki, lalingakaze libebikho ilanga elake

laphuma futhi lashona, futhi libuye liphume futhi. Uma uGarnett engavuki, imbali ayifi neze ibuye iphile futhi. Ihlangane nenhloso kaNkulunkulu. Ifeze inhloso kaNkulunkulu. Iqhunyiswe ngokuphila, futhi iyavuka futhi. Awu, besi—siyoba yi—yi—yinto esabekayo, into eyiphutha eliwukufa, ukuthi akukho kuvuka, uma sibuka phandle ngqo, phakathi, futhi sibone i—inhloso yokuvuka nokuthi sifanele sibe yini ukuba sibe nokuvuka.

77 UGarnett uyophila futhi. Uyaphila manje. Ukwelinye izwe. Futhi uyovuka futhi impela nje njengoba imbali ivuka futhi. Uyovuka nje nje impela—impela njengenyanga, ilanga noma izinkanyezi zivuka futhi. Uyovuka. Kodwa, niyabo, kuvukela kuphela kokunye ukuphila okusazokufa, ukunikeza ubufakazi bomunye unyaka. Uma evuka, uyoba sekupheleni konyaka, abuseyikubabikho ubufakazi. UnokuPhila okuPhakade. Okwakunokuphila okungapheliyo; kufanele kuqhunyiselwe—selwe ukuphila okungapheliyo, ukukwenza kuvuke futhi kwenzelwe—kwenzelwe ukuphila okungapheliyo. Uqhunyiswa ngukuPhila okuPhakade. Futhi uma evuka futhi, akusekho ukufa, uphila kuze kubephakade.

78 Ngishumayele izinkulungwane zemingcwabo ngezinsuku zami, umhlaba jikelele. Ngifisa sengathi bengingasho, phezu kweminingi imingcwabo engiyishumayelile, benginga . . . ngifisa sengathi bengingasho amazwi ebengingawasho ngoGarnett, namathemba enginawo kuGarnett. Futhi ngazi ukuthi uNkulunkulu uyomvusa, ngoba wahlangabezana nazo zonke izidingakalo engizaziyo, uNkulunkulu azidingayo. Nempilo yakhe ikhombise ukuthi imbali kaMoya oNgcwele ibikuye, ukuthi uNkulunkulu ubephila phakathi kwakhe. Lowomfana ubengumfana oguquliwe. Akukho kungabaza nhlobo. Impilo yakhe ifakaze ngakho. Ubeguquliwe.

79 Manje, uma besingasho ukuthi, "Akusekho ukuvuka, nalokhu ngukuphela kukaGarnett. UGarnett, esiyolokhu sikubona kuphela yingenkathi simumboza phandle lapho, kulentambama." Manje-ke yini emkhulumelayo na? Uma omunye ubengathi, "O, angazi ngalokho. Angazi. Manje, angi—angikaze ngikubone kwenziwe." Impela, ukuphela kwesikhathi akukafiki namanje. Kodwa uma usho lokho, into yokuqala ozofanele uyenze . . .

80 IZwi likaNkulunkulu lifakazela uGarnett. IZwi likaNkulunkulu lathi, "Thina esikhona sisasele kuze kube sekuFikeni kweNkosi asiyikubandulela noma sibavimbele abaleleyo. Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala; futhi thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni." "Okholwa yiMi, noma efa, nokho wophila." ImiBhalo! "Ngingukuvuka nokuPhila," usho uNkulunkulu. Niyabo? Uyodingeka ufakaze ngokumelana neZwi likaNkulunkulu. IZwi

likaNkulunkulu lifakazela lomfana. Futhi yini enye eyenele ngaphezulu kuneZwi likaNkulunkulu uQobo na? Okungukuthi, UyiZwi laKhe. IZwi linguNkulunkulu. NoNkulunkulu, qobo lwaKhe, uyafakaza ukuthi uGarnett uyovuka. UGarnett uyovuka futhi.

81 Konke okudaliweyo! Besingadingeka sithi, "Ilanga aliphumi. Qhabo, uNkulunkulu wenza iphutha. Ilanga, asiliboni ilanga." Niyabo? Bekungaba yinto ewubuhlanya.

82 Ilanga lithi uzovuka futhi. Imbali ithi uzovuka futhi. IZwi lithi uyovuka futhi. Yonke imvelo, konke okudaliwe, kuthi uyovuka futhi. Umhlaba, uphenduka, uthi uyovuka futhi, yonke into oyibonayo. Ngisho naseZwini likaNkulunkulu! I kuphela . . . UMoya oNgcwele, phakathi kwesifuba sami namanye amakholwa angamaKristu lapha, lishaya umthambo manje ngokukholwa, elithi uyovuka futhi.

Futhi uyokweqa ukukholwa kwakho, weqa iZwi likaNkulunkulu, weqa okudaliweyo, weqa yonke into, uyabo, uthi ngeke avuke.

83 Lokhu akusikho ukuphela kukaGarnett. Lokhu ngukuphela kwenhloso yakhe empilweni e—emhlabeni, kodwa uzovuka futhi. Niyabo? Yonke into: uyovuka futhi. Ngakho siyini, yini inkathazo yethu na?

84 Kusobala, siyakuzonda ukubona lowomfo osemncane elele lapho kanjalo, ubukeka nje esel'hlaza. Kodwa niyazi ngenkathi uNkulunkulu . . . Uma uthatha imbali engadini yakho yezimbali, awuthathi njalo ezindala. Ngezinye izikhathi ufanele ube nomqumbe wezimbali, umqumbe uzofanele ufeze inhloso yakho esixheni sezimbali. Mhlawumbe uNkulunkulu ubefuna umqumbe. Futhi yilokho Akucoshe lapha, okomqumbe wealtare laKhe eNkazimulweni; nesiqinisekiso, sayo yonke into ifakaza ukuthi uyovuka futhi. Ukukholwa kwethu kuthi uyavuka futhi. IZwi lithi uyavuka futhi. Inyanga ithi uyavuka futhi. Izinkanyezi zithi uyovuka futhi. Ilanga, inyanga, imvelo, yonke into ithi uyavuka futhi.

85 Ngoba, wonke lowo obemazi uGarnett, ubekwazi lokhu, ukuthi ubengumKristu. Ubungeke uze ebukhoneni bakhe ungazi ukuthi kubenoshintsho kulowomfana. Ubeqhunyiswe ngukuPhila.

86 Umkhuleko wami ungukuthi thina esisekhona, kulentambama, siyobona isibonelo salokho—salokho uNkulunkulu akwenzayo, futhi sizolungiselela. Futhi uma singakwenzi, singenayo lembewana yokuPhila okuPhakade, sazi ukuthi sizodingeka sihambe umgwaqo ofanayo awuhambayo, asithole ukuqhunyiswa. Asemukele uKristu ezinhliziyweni zethu futhi sizalwe ngokusha. Ngoba, mfowethu, dade, ngamunye wethu ubhekene nalokhu, akunandaba ukuthi ungubani, ukuthi usebhizinisini kakhulu kangakanani, ukuthi

umusha kangakanani noma umdala kangakanani, uzofanele udibane nakho. Uzofanele udibane nakho. Futhi unga—ungalokothi uzame ukukwenza ngaphambi kokuba kuqala uqhunyiswe nguKristu, ukuthi unokuPhila okuPhakade.

87 Manje-ke, ukufa kugingwe ukunqoba. UGarnett uyovuka futhi. Yonke imvelo . . . Manje, komakhelwane, wonke umuntu ubemazi lowomfana. Wonke umuntu oke waxhumana naye uyazi ukuthi ubengumKristu. Manje, iZwi likaNkulunkulu nayo yonke imvelo ithi uyovuka futhi.

88 Umama wakhe, ubaba wakhe, sonke isihlobo sakhe, noma kungahle kube yini, nina bantu lapha enimbukayo; njengomfundisi weVangeli, njengomfowabo, angiboni lutho eZwini likaNkulunkulu noma yini emvelweni . . .

89 Isizathu esenze ukuba ngikhethe ukusho lokhu, mhlawumbe omunye ubengeke aye esontweni kakhulu kangako futhi akuqonde. Ngicabangile, ngalendlela, kuzokwenza wonke umuntu aqonde. Indlela nje elula kancane obuka ngayo phandle lapha emvelweni futhi ubone ukuthi—ukuthi kwenzekani.

90 UGarnett uhlangane nemininingwane eyincasiselo kaNkulunkulu. Ufeze inhloso kaNkulunkulu. Akafile. Uyaphila kuze kubephakade, nje ulinde isikhathi esithize ukuba thina sifike.

91 Manje, nina ebeninoGarnett empilweni, ubaba wakhe, umama, umfowabo, odade, noma ngabe beningobani, izihlobo, benimazi. Benimthanda. Ungeke uxhumane noGarnett ngaphandle kokumthanda. Niyabo? Beninaye lapha. Manje kanjani ngokuphila emva kwalokhu na? Asilungiselele, ukuthi nathi siyohlangana naye ekuvukeni. Asenze ukuphila kwethu ngalendlela, ukuthi siyohlangana naye ekuvukeni.

92 "Uma umuntu efa," kusho indikimba, "angaphila futhi na? Wonke umkhawuko wezinsuku zokuphila kwami ngiyakulinda, kuze ukuguqulwa kwami kufike. Futhi Wena uyakubiza, futhi ngiyophendula." "Icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabafile kuKristu bayakuvuka kuqala. Khona-ke uma sisaphila ngalesosikhathi futhi sisasele, siyakuhlwithwa kanye nabo, ukuhlangana neNkosi emoyeni, futhi siyoba phakade neNkosi."

93 Lena yinkundla efakazisayo, isikhathi sokuvivinywa. UGarnett uhlangane nemininingwane eyincasiselo uNkulunkulu ayidingayo. Futhi namhlanje, uGarnett akafile, ulele naLowo amthanda ngaphezu kwanoma yini enye into ezweni. Ngaphezu kokuba ubethanda . . . Kakhulu njengoba ubethanda abazali bakhe, ubethanda wonke umuntu ahlangana naye, ubemthanda. Nokho, Lowo abemthanda kakhulu bekunguJesu Kristu. Usehambile ukuba ayoba naYe. Kwangathi wena owabele uthando lwakhe oluncane, kwangathi sonke singalungiselela ukuhlangana naye kulokho kuvuka okukhulu.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

94 Amakhanda ethu ekhotheme. Angizamanga ukusho okuningi ngoGarnett. UngumKristu. Impilo yakhe uqobo iyasho ukuthi uyini. Kodwa into engizame ukunitshela yona, nina bathandekayo, ukuthi uyovuka futhi. Ngiyakufakaza kini, lokhu akusikho ukuphela. Kunesiqinisekiso esibhaliwe, ngeGazi leNdodana kaNkulunkulu, uyovuka futhi.

95 Manje asilungiselele izinhliziyo zethu manje, ukuthi uma nathi silethwa kulendawo enjengale, ikamelo elithize lomngcwabo, ukuthi abathandiwe bethu bangakhumbula ukuthi silungiselele futhi ukuhamba. Futhi kwangathi ubaba, umama, abathandiweyo balomfana omncane, into enkulu kunazozonke . . .

96 Niyazi, ngiyazi ukuthi nizwa ubuhlungu kanjani. Ngiyamdela nje umntwana, intombazane encane. Ngiyazi ukuthi izinhliziyo zenu zopha kanjani.

97 Kodwa, niyabo, uma uGarnett ekade elahlekile, bekungaba yisikhathi ngempela esisabekayo kini. Kodwa ihora eliyinkazimulo kanje kini, ukwazi ukuthi umfana wenu ubenoKristu. Futhi ubefanele ahambe ngesinye isikhathi. Futhi ekupheleni komgwaqo, ubelokhu ehleli nokukholwa kwakhe. NoNkulunkulu unaye namhlanje. Kinina eningokhazini nesihlobo kuye, nje cabangani ngalokho ayeyikho. Futhi manje ukuba ubehambe ngenye indlela na? Ayikho into okufanele sikhathazeke ngayo. UGarnett unoJesu. Asilungiselele ukuhamba naYe, futhi.

98 Nkulunkulu onomusa, Jehova oPhakade, Owahamba phezu kwamanzi futhi wathi, “Makubekhona ukukhanya.” Wena Owakhuluma izwe labakhona ngeZwi laKho, wethembise ngaleloZwi elifanayo ukuthi siyovuka futhi. Manje sifuna ukunikela, Wena, Baba, kulentambama . . .

99 Njengoba bengihlangene nalomfowethu osemncane, empilweni, nokuthi belunjani uthando olungafi phakathi kwakhe nami. Inqobo nje uma ngisaphila lapha, ngicabanga ukuthi ngiyohlala njalo ngilikhumbula lelososha elincane eliyiqhawe liyendezela kulowombhede, lisemshinini i-iron lung, phakathi kokuphefumula, lidumisa iNkosi uJesu. Ubeyisibonelo, futhi, sami, ngokukhuthazela kwakhe, engakhonondi neze, nje, “I—intando kaNkulunkulu mayenziwe.” Wena umbeke phambi kwethu, futhi manje Wena usumkhiphile ebukhoneni bethu.

100 Nkosi Nkulunkulu, kwangathi ngamunye wethu, kulentambama, esiphilayo . . . Futhi ngiyezwa, mhlawumbe, ukuthi uGarnett ubeyofuna ngisho lokhu. Uma singalungiselele, kwangathi singaba ngabalungiselele, futhi sibe njengoba ngikubekile, Baba, saqhunyiswa, ukuhlangana naye ngoMoya oNgcwele ofanayo awemukela, ukuPhila okwakukuKristu.

101 Busisa lomama nalobaba abathandekayo, nabazali, nabathandekayo. Noma bangaba ngobani, makuthi uBukhona baKho obungcwele bubenabo, Baba. Kwangathi lesi kungaba yisikhathi a—abazocabanga, kwedlule okwake kwenzeka, ukuthi lokhu kuphila okuncane kuphilele kanjani lokhu. Bekuwubufakazi, njengesibonelo.

102 Ezinsizweni ezihlezi lapha, ebezihlangene naye, njengomfana omncane, zimbona ukuthi ubenjani ngaphambili, bese kuba ukuthi ubenjani kamuva. Kwangathi impilo yakhe ingaba yi—yintshumayelo kuzo, Baba, ukuthi, futhi, ukuba zilungiselele ukuhlangana nomngani wazo omncane ngaphesheya, lapho okungasayikubakhona ukufa, noma ukudabuka, kungasekho zinsizi. Siphe khona, Nkosi.

103 Futhi thina bantu asebebadala, esibuka phansi kulensizwa, esel'hlaza ngqo, futhi siyibona iguquka, futhi ivela ekuphileni okufayo iya ekuPhileni okuphilayo. Siphe khona, Nkosi, ukuthi sikwazi ukubona lokho, kulentambama, ngobulula bokusebenzisa izibonelo zemvelo, bese-ke sikubeka kubuyele eZwini likaNkulunkulu, esithembisweni. Futhi Wena wathi, "IZwi likaNkulunkulu liyimbewu." Nembewu ifanele iveze inhlobo yayo.

104 Ngikhulekela ukuthi uzobusisa futhi ududuze lababantu. Mabazi ukuthi lomfana omncane wabekelwa intshumayelo nje lapha. Uyishumayelile intshumayelo yakhe, iNcwadi isivaliwe, kodwa siyombona futhi. Siphe khona, Nkosi, ukuthi sonke sizoma lapho ebuhleni bukaKristu, lapho esinokuPhila okuPhakade. Kuze kube yilesosikhathi, sigcine njalonjalo simaphakathi entandweni yaKho. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

